



KWAZULU-NATAL PROVINCE

HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



TRU

**IZINDLU ZOKUHLALA
ZESIKHASHANA**



AYINI AMA-TRU?

Izindlu Zokuhlala Zesikhashana (ama-TRU) yisixazululo sesikhashana odabeni lwezezindlu ezakhelwa ukuhlinzeka ngendawo yokuhlala kulabo bantu abazithola besesimweni esiphuthumayo sokungabi namakhaya ngenxa yokuqubuka komlilo kumbe izinhlekelele zemvelo ezindaweni ezisemadolobheni nezisemakhaya.

Isibonelo nje salezi zinhlekelele yizikhukhula ezibe ngenyanga kaMbasa wezi-2022 eziholele ekutheni kube nendlela yokuletha usizo oluphuthumayo ngokushehsa.

Isibonelo nje salezi zinhlekelele yizikhukhula ezibe ngenyanga kaMbasa wezi-2022 eziholele ekutheni kube nendlela yokuletha usizo oluphuthumayo ngokushehsa.

I-TRU KUMELE (IMININGILIZO YOKWAKHEKA KWAYO)

- Ikwazi ukuma isikhathi esingaba yiminyaka emihlanu (5).
- Ibe sesimweni sokuthi ingabhidlizeka iphinde iyokwakiwa kwenye indawo izikhathi ezintathu (3).
- Ikwazi ukuqukuleka, ithutheke kalula, ikwazi ukugcineka iphinde yakheke kalula.
- Ihambisane ne-SABS 0160 (loading) kanye ne-SABS 0162 (kulokho okuyinsimbi) uma kukhona.
- Ihambisane nesimo sendawo.
- Ibe ngama-24m² ubukhulu bephansi (ingehluka ize ifinyelele kuma-30m² kuye ngesimo kaye nobungako bemali yoxhasi).

NGABE UHULUMENI USEKE WAWAKHA AMA-TRU ESIKHATHINI ESIPHAMBILI?

Yebo, ngonyaka wezimali wezi-2021-22, uHulumeni waKwaZulu-Natali wakha ama-TRU ayi-1527 ewakhela abakhahlanyezwa yisishingishane i-Cyclone Eloise.

Odabeni lwezikhukhula zangoMbaso wezi-2022, izikhungo zokunakekela abantu abanengi ezingama-64 eziseThekwini namaphethelo, okuyindawo ebe yisizinda sezikhukhula, yizona ezakwazi ukuhlalisa imindeni eyizi-3 467 ebingenamakhaya. Iningi lalezi zikhungo ezikhoselisa abantu abanengi kuba yizakhiwo zomphakathi okungaba ngamahholo omphakathi.



Kudingeke ukuthi uMnyango uhambisane nesimo ukuqinisekisa ukuthi le mindeni ithola indawo yokuhlala esezingeni futhi ephophile.

NGABE AMA-TRU AYAHAMBISANA YINI NEMIGQO?

Wonke ama-TRU abhekwa ngabahloli ngaphambi kokuba kuhlaliswe abantu kuwo.

Ukuhlola kuhlenganisa lokhu okulandelayo:

- Iphansi: ukuqonda, kumele liqine ligcwaliswe ngendlela, libe ngama-150 mm ngaphezu komhlaba.
- Izinsika namabhawodi okuqinisa: kumele zakhiwe ngensimbi, zikwazi ukuzinza futhi zihlale isikhathi eside.
- Isisekelo sezinsika: zibe ukhonkolo
- Amapulangwe ophahla (Rafters): kumele kube aqinile futhi azokwazi ukuhlala isikhathi eside.
- Amapulangwe asekhona kumele kube aqinile isikhathi eside.
- Izinsika namafuleni kumele kube eziqinile isikhathi eside.
- Izinsimbi zasemacele kumele kube eziqinile futhi eside.
- Upende wokuvimbelana khona izindonga (Flashing) noMthetho we-OHS.

KUNGANI KWAKHIWA IZINDLU ZESIKHASHANA?

Izinhlekelele zenza kube nesidingo sokuthi kuhlinzekwe ngokushesha ngezinhlelo zokwethula umthwalo kuleyo mindeni ethintekile.

Isikhathi esidingeka ukuze kwakhiwe izindlu ezizoba khona unomphelo silinganiselwa ngaphezu kweminyaka emihlanu(5). Ama-TRU aletha ukukhululeka okusheshayo ukuze kungadicileleki phansi isithunzi nenhlalakahle yezisulu zenhlekelele, okuvamise ukuthi zilahlekelelwe yiyo yonke into ezinayo.

AKHIWE KUPHI LAWAMA-TRU?

Ama-TRU akhiwa emizini evela ikhona ezindaweni zasemakhaya. Ezinye izinto ezibhekwayo uma kubekwa ama-TRU ezindaweni zasemadolobheni yilezi:

- Ukuba khona kwamanzi nezinye izidingo
- Ukufinyelela kalula ezindaweni zosizo

Indawo ngomumo wawo engenazithiyo, kunabi yindawo engaba yithafa lezikhukhula .

OMO ESEMQOKA YOKUHLALISWA KWABANTU?

- Ube ngephephile, okwazi ukumelana nesimo sezulu esejwayelekile, unganenwa ngamanzi.
 - Umnyango: kumele ufakwe ifulemi, ukhiyeke futhi ufakwe namahinjizi.
 - Amawindi: isilinganiso sama-5% ephansi kumele sifakwe ifulemi
 - Ukukwazi ukubamba ukufudumala ebusika iphinde iphole ehlobo: kumele kuhambisane nohlobo lophahla kanye nezimo zendawo.
- awophahla(Purlins):
- azokwazi ukuhlala
- omnyango namawindi:
- ezizokwazi ukuhlala
- ezeseka isembozo: kumele
- ezizokwazi ukuhlala isikhathi
- amanzi lapho kuhlanguka
- shings): kumele uhambisane

AMA-TRU AHLELELWE UKUBA AHLALE ISIKHATHI ESINGAKANANI?

Isilinganiso seminyaka emihlanu (5) esibekelwe ukuthi singahlalwa i-TRU.

Akhiwe ngendlela yokuthi angakwazi ukuhlalae kusukela eminyakeni eyisishiyagalombili (8) kuya kweyi-12.

Abahlomula ngama-TRU bathola ukulungiselwa ukubhekelelwa bagcine seabhelwa izindlu zokuhlala unomphele ngokuhambisana noHlelo Lokwakhiwa Kwezindlu Zokuhlalisa Abantu uma lukhona uxhaso.

Ngakho-ke asilingani isikhathi esibekelwe ukuhlala kwawo.



NGABE AMAZINGA NEMIGOMO YAMA-TRU AYEFANA NASETSHENZISELWA IZAKHIWO OKUHLALWA KUZO UNOMPHELA?

Ama-TRU anawawo amazinga nemigomo ngokoMthetho Wezezindlu.

Lawo mazinga ehlukile kulawo ezindlu okuhlalwa kuzo unomphele.

UMNYANGO UQINISEKISA KANJANI UMNYANGO UKUTHI AMA-TRU AWABI YIZINDLU ZOKUHLALA UNOMPHELA?

Njalo ngonyaka uMnyango ukhipha imali yokuba kwakhiwe izindlu zokuhlala unomphela esikhundleni sama-TRU.



Ngonyaka wezimali wezi-2022/23, kunesamba sama-R397 Million esibekelwe ukuba kwakhiwe izindlu zokuhlala unomphela esikhundleni sama-TRU akhiwe ngenxa yezikhukhula zonyaka wezi-2019.

Nokho ukuqhubeka kokulokhu kuba nezinhlekelele akuhambisani nobungako bemali ekhona ukubhekana nazo.

YIZIPHI IZINYATHELO EZIKHONA EZIHLELEWE UKUBHEKANA NOKUNGENZIWA KOMSEBENZI KANYE NOKUQINISEKISA UKUTHI AMA-TRU ASEZINGENI ELIFANELE?

UMnyango uhlala ugcizelela ukusebenza ngokushesha nangempumelelo kube kubhekelelwa nendaba yeqophelo lomsebenzi

Kufunwa osonkontileka abazimele bese besayina izinkontileka zokwakha. Kuba khona izihlinzekelo zenkontileka ezelekelela ekulawuleni leyo nkontileka ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi uphela ngesikhathi.

YIZIPHI IZINSELELO EZIPHAZAMISA UKWAKHIWA KWAMA-TRU?

Aziziningi iizinsalelo ezindaweni zasemakhaya lapho kwakhiwa khona ama-TRU emizini evela ikhona.

Ezindaweni ezisemadolobheni, izinsalelo ezikhona ziba maqondana:

- Nokutholalala komhlaba;
- I-NIMBY factor: “Hhayi endaweni engihlala kuyo”;
- I-LULU factor: “Ukusetshenziswa komhlaba ngendlela engavumelekile endaweni”; kanye
- Ngokuvamile kusekhona abantu abasamelene nobulungiswa bendawo kanye nokuhlanganiswa komphakathi

UNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu. uJomo Sibiya ugqizelele isidingo sokuba nothando nesisa ukuze kuphele inhlupheko kubantu bakithi abaningi kulesi sifundazwe. “siyakuthokozela ukubambisana kwabahlali kanye nezinhlangano zabakhokhintela ezingxenyeni eziningi zesifundazwe. Basivumele ukuba sisebenzise umhlaba obungenalutho ngenhloso yokwakha izindlu zesikhashana ukuhlalisa imindeni ebisele dengwane,” kusho yena. Wengeze ngokuthi uMnyango usaxoxisana nalabo bahlali nezinhlangano zabakhokhintela ezale zaphetha ukuba kwakhiwe izindlu zesikhashana ngokuthi bakubeke kucace ukuthi “izindawo zabo zingolubhadwa yize bakhe emhlabeni kamasipala nokahulumeni.”

UNgqongqoshe uSibiya uveze ukukhathazeka kwakhe ngalokhu kuqiniswa kwamakhanda osekudale ukubambezeleka kokuthi imiphakathi esele dengwane ikwazi ukuthola izindawo zokukhosela. Unxuse ukuba kwande umoya wokuqonda isimo kanye nowoBuntu.



More images of the construction of TRU's







KWAZULU-NATAL PROVINCE

HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA